UVUKE KWABAFILEYO

Ibhalwe umsebenzi waseKhanyisa Intatheli yasekhanyisa isinde ngokulambisa ngenkathi ihlaselwa abalisa abathathu emgwaqeni osuka ePanbult uye endaweni yase Amsterdam ngezinkathi zo 8 kusihlwa mhlaka 15Meyi.

Lentombazanyana ogama lakhe kungu Lindokuhle ubekade esendleleni eya kubo eJabulani ngenkathi emisa imoto yohlobo lwe Polo enombala oluhlaza, ebihamba abalisa abathathu beqgoke umfaniswano wezimpahla zomsebenzi ezinama 'reflector'. Lentatheli ibeke kanjena “emva nje kokugibela kulemoto umshayeli uhambe ibangana wase ejika ethatha umgwaqo obheke ePiet Retief nakuyilapho kungicacele khona ukuthi lingishonele ngempela. Kuthe sesihambe ibangana nje imoto yase iqhezukela kwesokudla yaye yayoma phakathi kwelimnyama ihlathi leli. Omunye umlisa ube esethi mangehle emotweni kephangenqaba nakuyilapho ethukuthele khona wangibamba ngesankahlu engehlisa kwaze kwadabuka isikibha.

Kuthe sengehlile omunye wabo wangifusha ngaye ngayothicababa phansi, wase ezama ukungikhumula nakuyilapho baqale ukungaboni ngaso linye ngenkathi omunye ethi kuncono bahambe nami baye lapho behlala khona kodwa laba ababili bathe kuncono lapho ehlathini ukuze badukise umkhondo. Nami yilapho ngifikelwe khona umqondo wokuzama ukubaleka ngoba bakubeke kwacaca ngokusobala ukuthi uma sebeqedile ngami bazongibulala ukuze bangabosha ngoba ngibubonile ubuso babo.Bathe besaphikisana kanjalo ngaqhashisa okwenhlavu, yibo laba sebengiqosha kuhle kwezinja ziqosha inyamazane.

Nhlanhla thizeni ngathi ngisabaleka kanjalo ngavumbukela emgwaqeni u N2 phakathi kwe Ermelo ne Piet Retief, nakuyilapho ngizame khona ukumisa iloli ebiqhamuka ayangama ngeshwa besebengibonile onkabi laba ngenkathi ngikhanyisa amalambu aleloli base bephuma ehlathini ngenhloso yokungibambi . baphuma nje kanti umshayeli weloli engishiyile uyababona ezibukweni wase ejika ezongilanda.ngasinda kanjalo ke”
Kucelwa onolwazi noma oke wabona loluhlobo lwemoto athinte amaphoyisa aseduze.kuxhwayiswa abahlali base Panbult kanye namaphethelo ukuba baqaphele uma behayikha.

NGICELA USIZO

Udaba nezithombe :Lindokuhle Simelane

UXolani Mazibuko ohlala elokishini elibizwa ngokuthi yi Extansion 1 eErmelo, uneminyaka engu 21 ubudala .UXolana uyizibulo kwabo elandelwe izingane ezinhlanu.

Nokho lensizwa enamaphupho ngekusasa layo iye yahlangabezana nenqinamba enkulu empilweni yayo ngenkathi iphupho lokuba nesitifiketi sikamatikuletsheni lishabalala ngendlela engaqondile. UXolani bekungumfundi wasikole samabanga aphakeme i Lindile lapho enza khona umatikulentsheni ngonyaka ka2010, nokuyilapho ukugula kwazipha amandla khona waze waphuthelwa ukubhala isifundo esisodwa okuyi 'Civil engineering'. Emva kokululama uXolani wanikela khona esikoleni ephethe nencwadi kadokotela emgunyaza ukuba anikwe ithuba lokubhala lesosifundo, kodwa phinde uthisha nhloko uMnu Dlamini wenqaba wathi kungcono abhale lesosifundo ngonyaka olandelayo.

Kuthe ngonyaka olandelayo uma ebuyela eyobhala phela njengesivumelwano wathola ukuthi akekho ohlilwini lwabazobhala. Uthe uma ebuza watshelwa ukuthi akalinde unyaka olandelayo, nakuyilapho acela khona ukuba aphinde ibanga leshumi kodwa lothisha waphinde wenqaba ekubeni abanye wabavumela.
Kuthe emva kwesikhathi uthishanhloko mbhulu waxosha kanye nomhleli mabhuku 'clerk' emva kokutholakala ukuthi benza umshoshaphansi kanye nokudixilela phansi ikusasa labafundi.
UXolani uthi yena angeke akuthole ukuphumula ngisho nasethuneni imbala uma engahle afe iphupho lakhe lingakafezeki lokuba abe ngumdwebi wamapulani ezindlu.Nokho lensizwa ibeke kanjena 'ngifisa ukuthola uncedo lokuba ngiqhube izifundo zami nami ngikwazi ukuba utho emphakathini, ngiphinde ngibe uncedo kubazali bami kwazise abasebenzi. Ngicela usizo kwabangase bakhone ukusiza ngokungibuyisela esikoleni'.

Uqhube wathi 'oyongisiza ngizokwenza ngakho konke okusemandleni ukuba abane ukuthi wenza isinxumo esihle azange adlale ngemali yakhe'. UXolani nokho useqalile ngokudweba amapulani akhe ezindlu, yiwo kanye lawa eniwabona kulomfanekiso.

Ongathanda ukusiza u Xolani angaxhumana noLindokuhle wase Khanyisa kulenombolo 0789320559.



AMA VUNDRAZ

Udaba nezithombe:Lindokuhle Simelane

Iqembu elaziwa ngokuthi ama-Vundraz linamalunga amane okungo GR, Slow-T, Kholie, kanye no Ruff.Leqembu elithandwa kakhulu nelihlonishwayo ngenxa yezinga lomculo walo oseqophelelweni eliphezulu seliphinde ladla umhlanganiso nokuyinto elingaqali ukuyenza. Leliqembu lasungulwa mhla zingu 15 Septhemba 2009 lethiwa igama elithi Vundras elisuselwe olimini lwesiPortuges elichaza ukuthi abazami bempilo ngeSizulu.
I Vundras ikhiphe uqweqwana lwayo mhlaka 17 kuMasingana nyakenye onezingoma ezingu 13 sezizonke. Igama loqweqwana 'album' labo ISIKHIYE SEMPILO .



Leliqembu liqongelela imali ukuze likwazi ukuze bakhe isitudo sabo ngelinye ilanga baphinde basize nabanye abasafufusa kulendima yomculo. Sebethengise amakhophi angu 38 ngenani eliphansi kakhulu okungamarandi angu 30 nje kuphela, nawe ongakayitholi phuthuma ushayele uRuff kulenamba 074 3690 473 noma u GR ku 083 9664 665 uthole eyakho nawe
Iqembu le Vandras licela uxhaso lwezithuthi uma beya emicimbini, umfaniswano , ukuba umculo wabo ufinyelele ndawozonke.
Ongathanda ukuphonsa itshe esivivaneni makaxhumane noLindokuhle Simelane intatheli yephephandaba iKhanyisa kulenombolo ethi 0789320559. Khumbula sibusisiwe isandla esiphayo kunesamukelayo.